# ISIGUNYAZO SEZEMVELO ESIHLANGENE
## (Isicelo Sokuhlaziywa Komthelela Kwezemvelo kanye Neselayisensi Yokulawulwa Kokungcola)

**UKUTHELWA KOMLOTHA OKUQHUBEKAYO OKUHLONGOZWAYO ENDAWENI YOKUCHITHA UMLOTHA EKHONA ETUTUKA POWER STATION, ESIFUNDAZWENI SASEMPUMALANGA**

**Inombolo Yerifarensi Ye-DEA: 14/12/16/3/3/3/52 neRifarensi Ye-NEAS: DEA/EIA/0001416/2012**

# ISIMEMEZELO ESIBALULEKILE
## UKUQHUBEKA KOMHLANGANO WOMPHAKATHI

Lapha kubhekiselwa esazisweni sethu esashicilelwa ngoLwesibili, mhla ka-29 Julayi 2014 nangoLwesithathu, mhla ka-30 Julayi 2014 lapho abanomdlandla kanye/noma abathintekile batshelwa khona **ngokuhlehliswa komhlangano womphakathi**. Sicela nazi ukuthi **umhlangano womphakathi** wokuthelwa komlotha okuqhubekayo okuhlongozwayo endaweni yokuchitha umlotha ekhona e-Tutuka Power Station eSifundazweni saseMpumalanga, uye wahlelwa kabusha, futhi uyamenywa ukuba ube khona **emhlanganweni womphakathi**:

| Usuku | Isikhathi | Indawo |
|---|---|---|
| NgoLwesibili, mhla ka-02 Septemba 2014 | 17:00 – 19:00 | Ulwazi Primary School Hall, Thuthukani |

## UHLAKA LOMBIKO WOMTHELELA KWEZEMVELO LUYATHOLAKALA UKUBA LUBUYEKEZWE UMPHAKATHI

Njengokwesaziso esashicilelwa ngoLwesibili, mhla ka-15 Julayi 2014 nangoLwesithathu, mhla ka-16 Julayi 2014, izimvo zenu eMbikweni Wohlaka Lomthelela Kwezemvelo (DEIR) wokuthelwa komlotha okuqhubekayo okuhlongozwayo e-Tutuka Power Station, eduze kwase-Standerton, eSifundazweni SaseMpumalanga zizokwamukelwa. I-DEIR iyatholakala kulezi zindawo ezingezansi (amakhophi ephepha), kuwebhusayithi ye-Lidwala Consulting Engineer (http://www.lidwala.com/eiar-tutuka/) ne-CD (uma wenza isicelo esibhaliwe). Sicela nazi ukuthi inkathi yokubuyekeza ye-DEIR isinwetshwe ngezinsuku ezingu-18. I-DEIR ibitholakala kusukela **ngoMsombuluko, 21 Julayi 2014** futhi inkathi yokuveza uvo iphela **ngoLwesihlanu, 19 Septemba 2014** (ekupheleni kosuku lwebhizinisi):

| Indawo | Amahora Omsebenzi | Ikheli Lomgwaqo | Ino. Yokuxhumana. |
|---|---|---|---|
| Umtapo Wolwazi Womphakathi e-Standerton | 08:30 – 16:30 | Ekhoneni loMgqwaqo i-Beyers Naude no-Mbonani Mayisela, e-Standerton | 017 712 9678 |
| ETutuka Power Station (Main West Gate - Security Reception) | 07:00 – 16:00 | Phakathi kwe-Standerton noMgwaqo i-Bethal (ngemva kuka-R 38) | 017 749 9111 |

Sicela ubhale yonke yonke imibuzo yakho noma uvo lwakho ukuthumele kuBasebenzi Bezokubamba Iqhaza Komphakathi abangezansi:

**Nicolene Venter** or **Bongi Mhlanga**
**Lidwala SA (Pty) Ltd**
P.O. Box 32497, Waverley, 0135

Lidwala
Specialist Solutions

